



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-17. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A, B, C** kanye no **D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
 3. Qala isiqephu nesiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiphendule sonke usiqede ungaxubanisi imibuzo yeziqephu.
 4. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
 5. Bhala ngesandla esicacile nesifundekayo kanti futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
 6. Fundisisa kahle yonke imibuzo ngaphambi kokuyiphendula.
 7. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emuva kombuzo.
-

ISIQEPHU A UKUFUNDA NOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

UKUGUGA KUNGUMQHELE, AKUSILO IHLAZO Ngu-Lungile Landela

- 1 Kunezindlela ezihlukene zokuguga. Kukhona abakwamukela kuze kweqe bese kuba nalabo abala ukhasha abazibona bengamabhungu namatshitshi kodwa uthole ukuthi iminyaka **isiya ngomutsha wendoda**.
- 2 Ngabanjani abakwamukela ukuguga kuze kweqe? Uma umuntu esenqena ukugeza kusuke sekuqala kona ukuguga. Umuzwe esethi umuntu wakhona, "Ngizogeza ngishintshe nje ngiyaphi ngoba angiyi ndawo nje." Uma umuntu kuthiwa, "Sesikuthelele amanzi, hamba uyogeza" ubokwazi ukuthi ukuguga sekummele ngenhla usenqena ngisho ukuzinwaya emhlane.
- 3 Omunye uzakwethu uke waxoxa insambatheka yendaba, uthi, ugoto wakhe wayevele athi, "Yinina enisebasha enidinga ukuziguxunga imizimba, nisuse insila ngoba ninezintombi namasoka, mina sengimxhilibana nje futhi sengihleka **ngezikhunkwana zamazinyo**." Lapho umuntu wakhona usho iphunga livimbanisile endlini, isalukazi sala siyaphetha ukungena endlini yengwenya.
- 4 Kwabanye uma ukuguga sekufikile uyaye uthole umuntu etibula kube sengathi kunento alwa nayo. Amathambo athi, "Gogo goba manje". Ugoto avele aqhiyame uma ehamba. Kuvele kube sengathi uzama ukuba wunobuhle womhlaba. Ubone ukuthi kubuhlungu emathanjeni entombi endala kodwa ayivumi ukugoba.
- 5 Imvamisa izalukazi ezenza nje yilezi ezithanda ukukhilima. Okuthi noma umuntu efunda noma etshelwa ngokuthanda ibala lakhe abe nenkani azitshela ukuthi, "umuntu muhle ngokuba nebala elikhanyayo." We bhatata, okwakobani ukuzishisa ngokhilimu? Wi klibhi, sidlala abetshapi besikhohlisa ngokhilimu abanhlobonhlo! Baxakwe yini vele, basebhizinisni lokwakha imali bona.
- 6 Bese kuba namakhehla azibona engamabhungu, azitshela ukuthi angathatha itshitshi libe yindlu yokugugela. Amanye ayakwenza futhi kuwalungele. Nawo athanda kabi ukubamba iminyaka. Uthole ukuthi ikhanda sekwaba yingengelezi ehambisana nempunga kodwa umuntu ugunda imbungculu ukufihla ukuthi iminyaka isihambile. Abanye baze badaye nezinwele esezaba mpunga, bafake namakapisi ukuze kuthiwe, 'uyambona lowa bhuti, uyayidla indwangu'. Abantu bengazi ukuthi bazisholo kumuntu **odla imali kadekle**. Kodwa engikwaziyo isibuko asiwaqambi amanga. Izithombe zithi mina nganginje ngeminyaka yami.
- 7 Amathambo ayaqina aba wuqhotho, noma kube nzima nokusukuma uma kade uhleli. Nakhu nokukhohlwa ngikubekile kuyangqongqoza emnyango. Amehlo nawo akhala izinyembezi athi konje yini yona leya, nakhu phela akasaboni. Izindlebe nazo ziyalandula zithi, "kangizwa ngicela ungiphindele".

- 8 Abanye bagugela ezindleleni ababezihamba besebasha, kusho khona ukuthi imizimba ayisavumi sebetotobela khona. Lokhu kuvame ukwenziwa yisalukazi esithanda utshwala, esiphuza sidakwe, sithuke abantu kodwa ekugcineni umzimba usho ukuthi ngikhathele-ke manje. Usithole sesifofobele eceleni komgwaqo umzimba uthi phela mina ngimdala. Sesiyototobiswa yizingane, sixhagwe kusizwa umuntu omdala.
- 9 Uthole ikhehla lihamba nentombi encane, uze uthi, yeyi wamuhle umzukulu kanti awazi! Mhlawumbe ikhehla selijabulela ukubukwa nje, linconywe ngontanga, yiyo belu imikhuba yokugolozela ukuguga. Asazi-ke ukuthi ingane isuke iboneni kubaba omdala. Eyi ngoba emhlabeni, imali ayiluthezi olunenkume! Okungamakhehla lokhu kuyazibhubhudla kuziqede okuzingane kuzilutha ngayo imali belu, uyayazi imihlola, namahloni sekungabakhwekazi.
- 10 Kuthiwa kuguga othandayo, kungabe wena uma **usumxhiliba** uyovuma yini ukubizwa ngesalukazi noma ikhehla? Mina kade ngavuma ukuthi iminyaka ihambile. Angali noma ngingabizwa ngomama noma ngesalukazi futhi ngikukhonzile vele ukubiza abantu ngogogo nomkhulu. Hhayi kabi, kepha yindlela engikuteketisa ngayo nami. Abanye bathukuthela baganwe unwabu ungaqala ubabize kanjalo, kuyoba mzuwane uzithele ngesikhwakhwalala, phinde umbone ekukhulumisa.
- 11 Engikwaziyo, ukuguga akuyona indlela yethu sonke njengokufa. IsiZulu siyasho sithi, "Ukhule uze ukhokhobe" okuchaza ukuthi ukuguga akusho ukugula kodwa kuwumqhele wolwazi esiluqoqayo ngokuhamba kweminyaka. Pho sikusabelani ukuguga? Zingane zakwethu, akuguge umuntu kungagugi iminyaka epasini.

[Ithathelwe ephephandabeni *Isolezwe* langomhlaka-26 kuMasingana 2020, yathasiselwa]

- 1.1 Bhala uhlobo lwabantu okukhulunywa ngabo kule ndaba. (1)
- 1.2 Tomula amazwi endabeni, abantu abangafuni ukugeza abazithethelela ngawo. (1)
- 1.3 Bhala okushiwo endabeni okungakhuthaza abantu abasebasha ukuba bajwayelane namanzi. (1)
- 1.4 Chaza umthelela olethwa ngokusetshenziswa kwalezi zimo zokukhuluma ekucaciseni ingqikithi yendaba:
- 1.4.1 isiya ngomutsha wendoda. (1)
- 1.4.2 ukungena endlini yengwenya. (1)
- 1.5 Yini engenza kungabi mnandi ukuhlala endlini eyodwa nomuntu onqena ukugeza? (1)
- 1.6 Humusha le nkulumo ethi, 'zingane zakwethu, akuguge umuntu kungagugi iminyaka epasini, uveze umthelela wayo ekugqamiseni umyalezo wendaba. (2)
- 1.7 Hlaziya la magama angezansi uveze isithombe esicacile esigqanyiswayo ngawo endabeni:
- 1.7.1 Umxhilibana (1)
- 1.7.2 Izikhunkwane zamazinyo (1)

- 1.8 Chaza ukuthi, kusuke sekunjani uma amathambo esezikhulumela wona futhi yini eyenza umnikazi angawalaleli. Bhekisa endabeni. (2)
- 1.9 Phawula uveze umbono wakho ngabantu abagoloza ukuguga noma isikhathi sesifikile. Sekela kahle uyamanise nokushiwo endabeni. (2)
- 1.10 Hlaziya amazwi omlobi athi, 'we bhatata, okwakobani ukuzishisa ngokhilimu', ekugqamiseni imizwa yakhe ngabantu abakhilimayo. (2)
- 1.11 Ngokubona kwakho miyalezo mini **emibili** umlobi wendaba azama ukuyigqamisa ngemigqa ebhalwe esigabeni sesikhombisa. (2)

[18]

UMBUZO 2

Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese uphendula imibuzo ngazo.

ISITHOMBE A



ISITHOMBE B



[Isithombe sicashunwe encwadini uSawubona 4, sathasiselwa]

- 2.1 Bhala okufakazela ukuthi abafana abangenhla bafunda ibanga lokugcina esikoleni. (1)
- 2.2 Cubungula inkulumbo kaSipho ethi, 'Kodwa nginovadlwana lokuthi izongichitha', bese uveza umthelela wayo empumelelweni yakhe kulokhu akufunayo. (2)
- 2.3 **Yiqiniso** noma **amanga** ukuthi uSipho wenza akuthandayo ngesikhathi asithandayo? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esithombeni B. (2)
- 2.4 Ngabe kungumbono omuhle ukuba kube nephathi ethinta abafundi bengakaqedi ukubhala izivivinyo? Sekela kahle kuzwakale. (2)

[7]

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 3****IMIYALELO**

1. Fingqa lesi siqeshana ngamagama akho angedluli **kwangama-80**.
2. Fingqa kube yisigatshana kodwa amaphuzu agqame abe yisihlanu.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ufingqa.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

GCINA AMAPHUPHO AKHO NGAPHANSI KWEZIMO ZONKE EMPILWENI

OWESILISA osemncane wasendaweni yaseMpophomeni uthi kubalulekile ukuzikhumbula ukuthi uwubani nanokuthi ufunani empilweni. USakhile Hlongwane (24) ungomunye wabekade behlala emgwaqeni besebenzisa izidakamizwa kodwa manje useyishintshile impilo yakhe njengoba esenomsebenzi wokupenda izithombe.

Ekhuluma ne-Echo uHlongwane uthi izinkinga zakhe zokuthi agcine esehlala emgwaqeni zaqala ngonyaka wezi-2016 ngesikhathi engatholi imali eyanele yokuthi afunde kahle enyuvesi. Uthe waseyefunda e-University of KwaZulu-Natal esigcemeni i-Edgewood nalapho ayenza khona izifundo kodwa ngenxa yokungatholi imali yoxhaso olwanele esikhwameni esikhokhela abafundi i-National Student Financial Aid Scheme wagcina eseshiye phansi esikoleni.

"Ngabuya ngahlala ekhaya ngahlangana nabantu abangalungile ngagcina sengidla izidakamizwa, sesenza nezinto ezingalungile ngasemakhaya kwaze kwangiphoka ukuba ngibaleke ngiyohlala emgwaqeni ngoba ngibalekela amacala.

"Ngihlale emgwaqeni izinyanga ezimbili kwaze kwathi ngelinye ilanga omunye umngani wami ekade ngihlala naye wangitshela ukuthi angipende isithombe sikababa uThemba Njilo bese ngiyasihambisa kuyena," kuchaza yena.

Uthe ngesikhathi ehlala emgwaqeni ubeqhubeka ependa edayisa izithombe zakhe kodwa yonke imali abeyithola beyiphelela ezidakamizweni. Ngemuva kokuhamba kwesikhathi ubengasabatholi abantu abafuna ukuthenga.

"Ngemuva kokuba ngihlangane nobaba uNjilo wabona ithalente kumina wabe esethi ufuna ukungisiza ngisuke emgwaqeni ngiqhubeka ngisebenze ngiveze ithalente lami. Kumanje sengiphumile ezidakamizweni, sengihlala ekhaya sengenzela umsebenzi wami wokupenda ngisebenzela khona emahhavisini eThemba Njilo Foundation."

UHlongwane ube esekhipha iseluleko kubona bonke abantu abazibandakanye nezidakamizwa ukuba bahlale bazikhumbuze ukuthi bangobani nanokuthi bafunani ngezimpilo zabo. "Uma ngabe usuzinikele ezidakamizweni uyashintsha ube ngomunye umuntu kodwa ukuzikhumbuzwa njalo ukuthi uwubani kanye namaphupho akho kuyasiza ngoba uyakwazi ukusukuma uzithathe ulandele amaphupho akho."

"Mina ngangihlezi nginamaphupho ngempilo yami kanti ngisazimisele ukuwafezekisa, ngibonga usizo engaluthola ukuthi ngikwazi ukuyeka izidakamizwa ngiphume emgwaqeni ngenze into engiyithandayo, ukupenda." UHlongwane waqala ukupenda izithombe eneminyaka eyisikhombisa kanti uthe isifiso sakhe ukuthi ngelinye ilanga ayokwenza izifundo ze-Bachelor of Arts.

[Icashunwe ePhephandabeni *Ilanga*]

Uzomakwa kanje:

Amaphuzu (5)

Amagama: amagama wakhe umfundi (2)

awacaphune endabeni (1)

Inani lamagama (2)

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI****UMBUZO 4**

Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

IMFIHLO YAZIWA YIMI NAWE

- 1 Phansi ekujuleni kwenhliziyo,
- 2 Ngaphansi ezinzulwini zezibilini,
- 3 Lapho ngifukamele khona uthando,
- 4 Kwagadla imfihlo yonyazi,
- 5 Kwangathi kugadla unyazi uqobo,
- 6 Maqede yaphela imizwa yothando
- 7 Imizwa yothando lomunye umuntu.
- 8 Imfihlakalo yalolu thando yaziwa yimi nawe.

- 9 Ngiyayizwa intokomalo enhliziyweni,
- 10 Maqede ngezwa izinyembezi,
- 11 Ngithi lapho ngizama ukuzibamba,
- 12 Zehle njalo ngezihlathi
- 13 Ziphelele ezindebeni zomlomo
- 14 Ngimoyizele ngicabanga ngijulile,
- 15 Ngiyibhale ngiyiqede nencwadi yothando.

- 16 Lapho uma ngicabanga, ngilalele umsindo
- 17 Umsindo wempophoma
- 18 Ngithuke sengibhala inkondlo ngempophoma.
- 19 Nayo eqala kancane iyisiphethu,
- 20 Ngiqonde nothando lwethu olwaqala kancane
- 21 Lwaqala kancane kuhle kwesiphethu
- 22 Lwakhula kuhle komthombo ongashi.

- 23 Nendodana yethu esathi kuzoba uNtando,
- 24 Isiphendule lolu thando ngathi sadlisana intando,
- 25 Eyethu i-Valentine insuku zonke
- 26 Usuku lwezithandani kuthina ngolwethu
- 27 Sibungaza ukuhlanganisa iminyaka
- 28 Impumelelo yalolu thando isezandleni—kwesami nesakho
- 29 Ingakho ngithi kwazi mina nawe
- 30 Imfihlakalo yalolu thando.

[Icashunwe ku-inthanethi, ibhalwe nguMqapheli, Imbongi Emidwayidwa]

4.1 Nikeza umqondo ogqanyiswa yila mazwi alandelayo enkondlweni.

4.1.1 ezinzulwini zezibilini (1)

4.1.2 Ukugadla konyazi (1)

- 4.2 Chaza imizwa yembongi eyethulwa esitanzeni sesibili, usekele kahle. (2)
- 4.3 Veza umehluko ocacile wala magama angezansi bese uchaza ukuthi alekelele kanjani ekudluliseni umyalezo owethulwa kule nkondlo.
- 4.3.1 isiphethu (2)
- 4.3.2 umthombo (2)
- 4.4 Chaza isigqi sale nkondlo, ubhekise emgqeni wama-25 kuya kowama-30 uphinde uveze ukuthi siwukhulise kanjani umqondo wale nkondlo. (2)
- [10]**

IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI**UMBUZO 5**

Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

IMITHENTE YENGABADI

- 1 Milani mithente yengabadi,
- 2 Kuleyo nhlabath' evundileyo,
- 3 Kulawo mathaf' abekileyo,
- 4 Kulezo nkalo ezindlalileyo,
- 5 "Ze nithel' izithel' ezinhle.

- 6 Milani mithente yengabadi,
- 7 **Hlabani nisamila** njengenhlayenza,
- 8 Nilungiselel' impilo entsha,
- 9 Ephethwe yikusasa eliqhakazile,
- 10 Eliquketh' inkululeko yesizwe.

- 11 Milani mithanti yengabadi,
- 12 Niyimigogodla yempilo yesizwe,
- 13 Niyizisekelo zesimo sezwe,
- 14 Niyizinsika zomnotho wesizwe,
- 15 Ningamafa namagugu esizwe.

- 16 Milani mithente yengabadi,
- 17 Nin' enichelelwa yimifulafula,
- 18 Nin' enigqagqel' izizibaziba,
- 19 Nin' enihlobis' amathafathafa,
- 20 Ingomuso yingomuso ngani.

- 21 Milani mithenthe yengabadi,
- 22 Eningefaniswe nelala lamaxhaphozi,
- 23 Eningefaniswe nomsingizane wefusi,
- 24 Eningefaniswe nomhlanga wedudusi,
- 25 Eningefaniswe nesithala semifula.

- 26 Milani mithente yengabadi,
- 27 Nigqame nihlobis' okomnduze,
- 28 Nixhante nijul' okomnyezane,
- 29 Niphuhlek' niqonge okwendlulamithi,
- 30 Nisimame niqin' okomsimbithi.

- 5.1 Chaza ukuthi yini imithente uphinde uveze ukuthi ihambelana kanjani nokushiwo enkondlweni. (2)
- 5.2 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni impindwa kule nkondlo. (2)

- 5.3 Hlaziya usho ukuthi amazwi athi, 'hlabani nisamila', anamthelela muni ekuqondeni indikimba yale nkondlo. (2)
- 5.4 Veza ukuthi kuyisize kanjani imbongi ukusebenzisa isingathekiso kanye nesifaniso ekukhuliseni umqondo wale nkondlo. (2)
- 5.5 Yini inhloso yembongi ngokusebenzisa imvumelwano kule nkondlo? (2)

[10]

UMBUZO 6

Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

NGIKUSHAYELA IHLOMBE

- 1 Kuwena mntanomuntu
 2 Ohlamb' emifuleni yolwazi,
 3 Wahlamb' iminyakanyaka ungadeli,
 4 Kumnyama kukhanya wahlamba,
 5 Kukubi kukuhle wahlamba-
 6 Ngikushayela ihlombe.
- 7 Kuwena mntanomuntu
 8 Obambelet' emfundisweni yabazali,
 9 Wabambeleta zilimela zonkana,
 10 Libalele liguqubele wabambeleta,
 11 Lina licwebile wabambeleta,
 12 Ngikushayela ihlombe.
- 13 Kuwena mntanomuntu
 14 Ozinze kwaNgqondonkulu,
 15 Wakleza umbele wakwaNgqondonkulu,
 16 Wakleza iminyakanyaka ngokuzimisela,
 17 Wakha ikusasa lakho nelesizwe-
 18 Ngikushayela ihlombe.
- 19 Kuwena mntanomuntu
 20 Owaz' imvelaphi nosikompilo,
 21 Owazis' impilo yobuntu
 22 Kule mihla yobuphekupheku
 23 Egxabh' okwembiza eziko-
 24 Ngikushayela ihlombe.
- 25 Kuwena mntanomuntu
 26 Owazis' amalungelo esizwe,
 27 Olwel' ubunye bukamoya
 28 Obuphaswe yisineke nomusa-
 29 Ngikushayela ihlombe.

- 6.1 Chaza ukuthi ngukwenzani ukushayela umuntu ihlombe, futhi kuyithinta kanjani imizwa yalowo oshayelwa lelo hlombe. (2)
- 6.2 Nikeza umqondo oqukethwe yila mazwi, 'Wakleza umbele wakwa-Ngqondonkulu'. (2)
- 6.3 Hlaziya le nkulumo ethi, 'Kule mihla yobuphekupheku, egxabh' okwembiza eziko'. (2)

6.4 Bhala phansi imigqa ene-okzimoroni kule nkondlo bese uveza ukuthi yethula sithombe sini ngalona oshayelwa ihlombe. (2)

6.5 Kubizwa ngani ngolimi lobunkondlo lokhu okubhalwe ngokugqamile emgqeni we-10, futhi kulekelele kanjani ekulolongeni isigqi sale nkondlo? (2)


[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 7

7.1 Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Isithombe sicashunwe ku-inthanethi, ingxoxo yokuziqambela]

- 7.1.1 Tomula amazwi aveza ukuthi uGumede akaziboni eyimbangela yenkinga. (1)
- 7.1.2 Hlaziya le nkulumo elandelayo uveze ukuthi iqukethe mizwa mini kaMaSibeko. (1)
- Bengithi uthando esinalo lwenele nje myeni wami. (1)
- 7.1.3 Phawula ngomthelela olethwa ngukuhlekwa kukaGumede ngamanye amadoda ebudlelwaneni bakhe nomkakhe. (2)
- 7.1.4 Amazwi abhalwe ngokugqamile enkulumeni kaGumede, aveza imizwa echemile. Chaza usekele ngokushiwo engxoxweni. (2)
- 7.1.5 Veza umehluko ogqamile emibonweni yalaba ababili mayelana nosikompilo lwesithembu njengesixazululo sokungazali. (2)

7.2 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ubuhle **buyasetshenzelwa** ikakhulukazi kubantu abasha. Lokhu kudla izizumbulu zemali. Kusukela ekuthengeni izimonyo kuye kuyoshaya ekulungisweni kwezimwele. Kuyadabukisa ukubona abantu (**beqoma**) ukungena ezikweletini ngoba nje bejahe ubuhle. Ngisho izembatho kuthengwa ezemali eshisiwe. Ngezimpelasonto, yibo labaya bebheke kwezikaqedisizungu. Amaphakethe abuya ephumele ngaphandle kokunye kuze kudliwe nemali yokuthenga ukudla kwabantwana. Uma umbuza umuntu wakhona, usimze aphike (**ahlanze**) akudle ngayizolo. Abantu kumele bagweme ukungazifaki ogibeni lwezikweletu ngenxa yobuhle nje obungaxutshwe nalutho. Uma engaqapheli, **uzigwaza ngowakhe** uqobo.

- 7.2.1 Sebenzisa amagama abhalwe ngokunzima akubakaki emshweni, uveze omunye umqondo ohlukile kulawo angenhla. (2)
- 7.2.2 Nikeza umqondo oqukethwe yizakhi ezidwetshelwe egameni elibhalwe ngokugqamile emushweni wokuqala. (2)
- 7.2.3 Akha umusho ombaxa ngale misho eqondile elandelayo:
Ubuhle budla izizumbulu zemali. Ubuhle buthandwa ngabantu. (1)
- 7.2.4 Hlaziya lo musho olandelayo uveze ukuthi, uyisititimende, umbuzo noma umyalelo. Sekela impendulo yakho.
'Abantu kumele bagweme ukungazifaki ogibeni lwezikweletu.' (2)
- 7.2.5 Ibizwa ngokuthini inguquko yomsindo eyenzeke egameni elithi, 'buyasetshenzelwa'? (1)
- 7.2.6 Bheka isimo sokukhuluma esidwetshelwe ngenhla, bese uphendula imibuzo elandelayo:
(a) Yini lena azigwaza ngayo? (1)
(b) Chaza lesi simo sokukhuluma. (1)

[18]

UMBUZO 8

Bheka lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela.

ILANGA
IPHEPHA LESIZWE

WINA IJEZI!!!

**ELISHA
SHA...**

ILANGA
liphisana
ngejezi elisha
sha sha ...
LamaZulu FC,
'INGONYAMA'
kubafundi balo.

Ukuzibeka
ethubeni.
Thenga **ILANGA**
ubone
imininingwane
yokungenela

ISms ibiza R1,50. T's & C's apply

Lomncintiswane uvalwa mhlaka 22 August

"HEBE, USUTHU!!!"

[Sithathwe ephaphandabeni *Ilanga likaLwezi 2019*]

- 8.1 Yini inhloso yalesi sikhangiso esingenhla? (1)
- 8.2 Phawula ngomthelela wokusebenzisa izimpawu zokuloba esikhangisweni. (2)
- 8.3 Tomula amasu amabili nje vo uchaze ukuthi alekelele kanjani empumelweni yalokhu okukhangiswayo. (2)
- 8.4 Yikuphi ocabanga ukuthi kwenza ukuthi lesi sikhangiso sikholeke? Sekela uxile kuso isikhangiso. (2)

[7]

UMBUZO 9

Funda lesi sigatshana bese ulungisa amaphutha, kungaba ngupelomagama, ukwehlukani noma kwamagama noma yizimpawu zokuloba.

Unontokozo uzalwa nguMasibiya, ufunda esikoleni eMandlezizwe high School endaweni yaseBulwer. Yize akhulelwa esafunda ibanga lesi-8, unina wamphindisela esikoleni. Abantu babemsola ngokubuyisela ingane yize imphoxile. Wayebaphendula ngokuthi ufuna afunde ukuze akwazi ukondla lengane, ngakhoke akumele ijeze ngecala likanina. Wezwakala uKaMajola, bezixoxela esitobhini ethi impela sazalwa nabanye, siyoguga nabanye Maziqubu. "Yini kwenzenjani, wakhuluma kanjalo", kubuza uMaziqubu emangele.

[10]**Amamaki angama-35****Amamaki esewonke: 100**